# Ubuhle bemvelo

## Imibuzo ngaphambi kokufunda

1. Ucabanga ukuthi indaba izokhuluma ngani?
2. Yisho imibala oyibonayo esithombeni sokuqala. Mingaki?

"Ngiyazifela ngemvelo bo! Kuningi okwenzekayo, ubutatata. Babokwa abatshalayo, ziyaqhakaza ngecha izimbali."



EXTRACT PAGES




Ngiyayithanda intwasahlobo. Ipulazi liyaqhakaza libe lihle entwasahlobo. Amawundlu namathole kuyagxumagxuma emadlelweni aluhlaza.

Kuhlala ini kulendlu esesithombeni? Yini enhle ngeNtwasahlobo?

Kusekwindla manje, sizogcwalisa obhasikidi ngezithelo ezivuthiwe futhi ezinomsoco. Ngiyabuthanda ubusika. Phela ngalesi sikhathi sonyaka kuba nokuthula nentokomalo kwimvelo.




Bagcwele ini obhasikidi? Indlala ayikho ekwindla, chaza.

"Zzzzzzzzzzzzz... kumnandi ukuba yinyosi." Sijabulela ukuqhakaza kwezimbali. Isikhathi siyavuma, asihambeni, siyozitika ngezithelo eziconsisa amathe zingaze ziphele. Ukubona kanye ukubona kabili.



EXTRACT PAGES

Imuphi umkhiqizo esiwuthola ezithelweni?

# Abangani basepulazini

## Imibuzo ngaphambi kokufunda

1. Zingaki izilwane ozibona ezithombeni sezizonke.
2. Ucabanga ukuthi indaba izokhuluma ngani. Kungani usho njalo?


EXTRACT PAGES

"Zingane, wozani nizodla isidlo sasekuseni samaqanda abilisiwe, niyawadinga amaphrotheni," kusho umama.

Uthanda iqanda eliphekwe kanjani? Elithosiwe, elibilisiwe noma eliyizicucu? Kungani kubalulekile ukudla isidlo sasekuseni?

Inkomo iyaziqhenya ngokutholakala kuyo ngaphandle kwenyama. Isikhumba sayo sikhipha imikhiqizo eminingi okubalwa kuyo omata nezembatho zesikhumba.


EXTRACT PAGES

Amabheshu nezikhwama kwakhiwa ngani? Imuphi umkhiqizo esiwuthola obisini?

"Wuf, wuf, wuf!" Izinja azizibekile phansi, ziyakhonkotha, zazisa abahlali ngokwenzekayo phandle.



EXTRACT PAGES

Ucabanga ukuthi kwenzakalani phandle? Yini oyithandayo ngenja?

Nazi izimbuzi zitshakadula, zihamba zigibela emaweni.
Ugogo uthanda ukudla inyama yembuzi ngoba ithambile, phela akanamazinyo.


EXTRACT PAGES

Ubizwa ngokuthiwa yini umtwana wembuzi? Kungani ugogo ethanda inyama yembuzi?

“Bhuuuuuuu! Ngizozihlalela ezimbalini usuku lonke, ngizitike ngompe ukuze ngakhe ngalo uju olumnandi."



EXTRACT PAGES

Ubani ozozihlalela ezimbalini usuku lonke? Lusiza ngani uju?

“Mnyawwwww! Siphuza ubisi ukuze sihlale sibahle futhi siphilile,” kusho ikati.



EXTRACT PAGES

Kungani siphuza ubisi? Ubisi lwenzani emizimbeni yethu?